

# IMIBUZO EVAME UKUBUZWA MAYELANA NE-**WEIR SHAREBUILDER**

## ISIGABA 1: I-WEIR SHAREBUILDER - OKUBALULEKILE

Iyini i-Weir ShareBuilder?
Uyini Umklomelo Wamahhala Wamasheya
Uyini Umklomelo Wamahhala Wamasheya "Kazwelonke"
Yiziphi izinzuzo zokuba Umnninimasheya akwa-Weir?
Ingabe ngiyakufanelekela ukuthola Umklomelo we-Weir ShareBuilder?

## ISIGABA 2: IMIBUZO MAYELANA NABABAMBIQHAZA BE-SHAREBUILDER

Ngizowathola nini amasheya ami?
Kungani kumelwe ngilinde iminyaka emibili ngaphambi kokuthi ngithole amasheya ami?
Yini okumelwe ukuthi ngikwenze?
Mangaki amasheya engizowathola?
Ngingawubuka kuphi umklomelo wami we-ShareBuilder?

## ISIGABA 3: IZINZUZO ZAKHO ZAMASHIYA

Amasheya ami azobiza malini?
Ngizowathola kanjani amasheya ami?
Ngingawabuka futhi ngilawule kuphi amasheya ami?
Kwenzekani uma ngishiya i-Weir?
Ngingakwazi ukuthengisa amasheya ami?

## ISIGABA 4: NGIWABUKA KANJANI AMASHEYA AMI

Ubani i-Computershare?
Ngifinyelela kanjani kuphothali ye-EquatePlus?
Ingabe ikhona yini i-app yeselula ye-EquatePlus?
Ngikhohlwe igama lami lokungena/iphasiwedi ye-EquatePlus- ubani okumelwe ngixhumane naye ukuze ngikwazi ukungena?
Ngiyisebenzisa kanjani i-EquatePlus?

## ISIGABA 5: UKUDONSWA KWENTELA

Ngizwile ukuthi kubanjwa intela mayelana namasheya -izodonswa kanjani?
Ngizokhokhiswa nini intela kulawa masheya?

## ISIGABA 6: UKUXHUMANA



12UBZA D09

# IMIBUZO EVAME UKUBUZWA MAYELANA NE-WEIR SHAREBUILDER

## ISIGABA 1: I-WEIR SHAREBUILDER - OKUSEMQOKA

### Iyini i-Weir ShareBuilder?

I-Weir ShareBuilder iwuhlelo labo bonke abasebenzi bethu. Kuyindlela elula yokuthi ube ngumnikazi wengxenye ye-Weir. Abasebenzi abafanelekile banikezwa Umklomelo Wamahhala Wamasheya, owenziwe yinani lamasheya ku-Weir, ngaphandle kokuwakhokhela.

### Uyini Umklomelo Wamahhala Wamasheya?

Umklomelo Wamahhala Wamasheya ukunika ilungelo lokunikezwa amasheya esikhathini esizayo uma nje usaqashiwe e-Weir. Umklomelo wethu wokuqala Womklomelo Wamahhala Wamasheya e-Weir ShareBuilder wakhishwa ngoMeyi 2019. Manje sinezinkulungwane ngezinkulungwane zabasebenzi emhlabeni wonke nazo abangabanikazi bamasheya.

### Uyini Umklomelo Wamahhala Wamasheya “Kazwelonke”?

Umklomelo “Kazwelonke” uyafana Nomklomelo Wamahhala Wamasheya kodwa umehluko wukuthi uzothola inkokhelo engukheshi (ngemuva kokudonswa kwezintela, lapho kufanele) esikhundleni sama sheya. Njengomklomelo Wamahhala Wamasheya uzothola inkokhelo engukheshi esikhathini esizayo uma nje usaqashiwe e-Weir.

### Yiziphi izinzuzo zokuba Umninimasheya akwa-Weir?

Uma umklomelo wakho uba namandla, wena uzoba usuba Umninimasheya e-Weir.

Njenge-umninimasheya ebhizinisini lethu, unendima ebalulekile ongayidlala ekulolongeni ikusasa lethu. Sisonke, singabanikazi ngokuhlanganyela be-Weir, esiholela empumelelweni yethu yamanje neyesikhathi esizayo -akekho omunye uyozuza ngaphandle kwethu sikwenza!

Uma ungumninimasheya unelungelo lokuvota ku-AGM yethu. Abaninimasheya bangavota ezindabeni ezinjengokukhethwa kabusha kwamalungu eBhodi noma bathole umbiko wethu wonyaka nama-akhawunti. Akudingekile ukuthi uye ku-AGM ukuze uvote.

Ukuze uthole olunye ulwazi, vakashela ku www.global.weir/investors/shareholder-information

*Futhi, uma inkampani yenza inzuzo thina singanquma ukuthi sabelane ngayo nabaninimasheya bethu ngendlela yokunikezelwa kwamadividendi. Uma inzuzo yanele ngokwanele i-Computershare izobe isiwatshala kabusha amadividendi akhokhelwe ngamasheya akho e-Weir ShareBuilder ukuze kuthengwe amanye amasheya egameni lakho okuzokwenyusa inani lakho lamasheya ku-Weir.*

### Ingabe ngiyafanelekela ukuthola Umklomelo we-Weir ShareBuilder?

Uzofaneleka ukuthola umklomelo omusha we-ShareBuilder uma uhlangabezana nalokhu okulandelayo:

- Uma usuqashwe yi-Weir okungenani unyaka ngosuku olwandulela ukunikezwa Komklomelo okuvame ukwenziwa ngoMeyi.
- Uma uyisisebenzi sesikhathi esigcwele noma esiyitoho.
- Uma ungakayitholi i-Restricted Share Award ye-Share Reward Plan kuwo lowo nyaka.
- Uma ungakayitholi Umklomelo ogunyaziwe noma okwamanje ungenawo Umklomelo ongagunyaziwe ye-ShareBuilder Plan.




# IMIBUZO EVAME UKUBUZWA MAYELANA NE-WEIR SHAREBUILDER

## ISIGABA 2: IMIBUZO MAYELANA NABABAMBIQHAZA BE-SHAREBUILDER



### Ngizowathola nini amasheya ami?

Uhlelo Lomklomelo we-Weir ShareBuilder lumi kanje:




Uma amasheya akho esegunyaziwe, uzoba uMninimasheya uphinde ube ngumnikazi ngokuhlanganyela kuleli bhizinisi lethu.

### Kungani kumelwe ngilinde iminyaka emibili ngaphambi kokuthi ngithole amasheya ami?

Lokhu kwaziwa ngokuthi 'isikhathi sokugunyaza' futhi kuyingxenye yemigomo nemibandela yohlelo.

### Yini okumelwe ukuthi ngikwenze?

Okwamanje, ayikho into okudingeka ukuthi uyenze ukuze uthole umklomelo wakho we-ShareBuilder. Uzonikezwa yona ngokuzenzakalelayo. Vele uqiniseke ukuthi ulandela ukubhaliswa kwe-EquatePlus kanye nemiyalelo yokungena ngemvume lapho uyithola, ukuze ujwayele isistimu futhi ukuze ukwazi ukubona umklomelo wakho we-ShareBuilder ku-akhawunti yakho. (Bheka isigaba 4 ukuze uthole eminye imininingwane).

### Mangaki amasheya engizowathola?

Wonke umuntu enkampanini ofanelekayo uzonikezwa inani elilinganayo lamasheya, ngaphandle kokubhekwa kwendima yakhe.

Inani lomklomelo lizoba ngu-£300 noma okulingana nemali yakulelo lizwe. Inani langempela lamasheya owatholayo lizoncika enanini lamasheya ngaleso sikhathi kunikezelwa ngomklomelo.

### Ngingawubuka kuphi umklomelo wami we-ShareBuilder?{

Uma ubhalisela i-EquatePlus nokuthi ukwazi ukungena kuphothali yayo uzokwazi ukubuka umklomelo wakho futhi ulawule amasheya akho owagunyaziwe ku-inthanethi.

## ISIGABA3: IZINZUZO ZAKHO ZAMASHEYA

### Amasheya ami azobiza malini?

Inani lamasheya lizoba ngu-£300 (noma lizolingana nemali yezwe lakini) ngesikhathi sokunikezelwa komklomelo. Inani lamasheya akho ngemva kwalokho lizobe selincike enanini lamasheya ngaleso sikhathi. I-Weir Group PLC isohlwini ku-London Stock Exchange futhi ungakwazi ukubona inani lamanje lamasheya e-Weir ku-: Londonstockexchange.com. Khumbula ukuthi inani lamasheya emakethe yamasheya lingehla liye phezulu, kuye ngokusebenza kwenkampani. kanye nomnotho kanye nezigigaba zomhlaba.

### Ngizowathola kanjani amasheya ami?

Uma ufaneleka ku-Weir ShareBuilder, i-Computershare, okuwuhlelo lwethu lwamasheya esibambisene nalo, yiyo ezophatha imininingwane yakho yomklomelo we-ShareBuilder futhi yiyo ezobamba amasheya akho egameni lakho. Noma yisiphi isisebenzi esinikezwa amasheya yi-Weir sizonikezwa imininingwane egcwele yokuthi singafinyelela ku-akhawunti yaso siphinde sikwazi ukubuka i-akhawunti yaso ye-EquatePlus ku-inthanethi ngesikhathi somklomelo we-ShareBuilder.



12UBZA D09


# IMIBUZO EVAME UKUBUZWA MAYELANA NE-WEIR SHAREBUILDER


## Ngingawabuka futhi ngilawule kuphi amasheya ami?

Njengengxenye yokuthi ungawalawula kanjani amasheya akho, uzonikezwa imvume yokungena kuphothali yohlelo lwamasheya ebizwa ngokuthi i-EquatePlus. Le phothali iphethwe yi-Computershare, esibambisene nayo ekuphathweni kohlelo lwamasheya.

Iphothali ye-EquatePlus izokuvumela ukuthi:

- Ubuke umklomelo wakho we-ShareBuilder.
- Ubuke uphinde futhi ulawule amasheya akho agunyaziwe ku-inthanethi.
- Ubuke amanye amadokhumenti ahlobene namasheya akho.




**ISIBONELO KUPHELA**: *Isithombe sibonisa isampula yezithombe sesiskrini uma ungena ku-EquatePlus. Sicela wazi ukuthi amanani alinganisiwe azohluka ngokuya ngenani lamanje lamasheya e-Weir Group kanti ikharensi yona izohluka ngokuya ngalokho ozisethela khona ngesikhathi ungena okokuqala ku-EquatePlus.*

Ungakwazi futhi ukungena ku-EquatePlus naku-ShareBuilder yakho nge-app yeselula. Uma usuyenzile i-akhawunti yakho ku-inthanethi nge-EquatePlus, ungadawunloda i-app ye-EquatePlus 'ku-Apple Store' noma 'ku-Google Play' ukuze ungene ku-akhawunti yakho ngemininingwane yakho yokungena ye-EquatePlus.



Nge-app yeselula uyakwazi ukubuka uphinde ulawule i-ShareBuilder yakho kanye namasheya akho agunyaziwe ngaso leso sikhathi.

## Kwenzekani uma ngishiya i-Weir?

Uma ushiya i-Weir nganoma yisiphi isizathu uzolahlekelwa ilungelo lokuthola noma yimaphi amasheya angakagunyazwa e-Free Share Award nangakadluliselwa kuwe. Uma uhamba usuvele uwatholile amasheya, ungakhetha ukuwagcina futhi uqhubeke nokuba umninimasheya e-Weir noma uwathengise - kukuwe ukuzikhethela futhi awuphoqelekile ukuthi uthathe isinqumo ngesikhathi ushiya i-Weir. Usazokwazi ukufinyelela i-EquatePlus ku-: www.equateplus.com ngokusebenzisa i-ID yakho Yomsebenzisi kanye nePhasiwedi ukuze ulawule amasheya akho agunyaziwe kanye nokuthola usizo oluvela ku-Computershare.

Kungumkhuba omuhle ukuqinisekisa ukuthi nemininingwane yakho yokuxhumana ilondoloziwe kuphrofayela yakho ye-EquatePlus. Ngaphambi kokuthi uhambe e-Weir kufanele uqinisekise ukuthi ku-EquatePlus, ikheli lakho le-imeyili likhethwe njengekheli lakho le-imeyili olithandayo.

## Ngingakwazi ukuthengisa amasheya ami?

Sithemba ukuthi uzokhetha ukuba ngumtshalizimali wesikhathi eside enkampanini yethu, kodwa uma amasheya akho esegunyaziwe futhi adluliselwa kuwena kusuke sekungawakho ukuze uwagcine noma uwadayise futhi ungakwenza lokhu ngokungena ku-akhawunti yakho kuhlelo lwe-EquatePlus.

Uyakwazi ukulandelela amanani amasheya ethu ku-Londonstockexchange.com

## ISIGABA 4: NGIWABUKA KANJANI AMASHEYA AMI

## Ubani i-Computershare?

I-Computershare ingumlawuli wohlelo lwamasheya omkhulu kunawo wonke emhlabeni futhi inikeza izinsiza ezinkampanini eziningi zomhlaba ezifana ne-Weir. Iphethe imininingwane emayelana nemiklomelo yamasheya ezisebenzi zethu iphinde inakekele amasheya anikezwe abasebenzi, njengoba isisebenzi ngasinye sithola i-akhawunti yaso se-Share Plan.

Olunye ulwazi lungatholakala kuwebhusayithi yabo https://www.computershare.com

## Ngingena kanjani kuphothali ye-EquBtePlus?

I-Computershare izokusethela indlela yokungena bese ikuthumelela ama-imeyili ama-2. I-imeyili yokuqala ithi "Yi-imeyili Yokwamukela" ene i-ID yakho Yomsebenzisi. I-imeyili yesibili inephasiwedi yakho. Uma ungena kuphothali okokuqala ngqa uzocelwa ukuthi ushintshe iphasiwedi yakho futhi uphendula eminye imibuzo yezokuphepha. Le mibuzo eyengeziwe izokwenza ukwazi ukuthi usethe kabusha iphasiwedi yakho uma kwenzeka uyikhohlwa esikhathini esizayo.

Uyakwazi ukungena kuphothali ye-EquatePlus ngokungena ngemvume ku-: www.equateplus.com ngokusebenzisa lokhu.



12UBZA D09

# IMIBUZO EVAME UKUBUZWA MAYELANA NE-WEIR SHAREBUILDER

Uyakwazi futhi ukungena ku-EquatePlus ne-single sign on uma usungenile ngemvume ngokusebenzisa ikheli lakho le-imeyili le-@mail.weir. Sicela uchofoze ilinki elandelayo ukuze ungene kuhlelo lwe-EquatePlus ngokusebenzisa i-single sign on.

### Ingabe ikhona yini i-app yeselula ye-EquatePlus?

Uyakwazi ukungena ku-EquatePlus naku-ShareBuilder yakho nge-app ye-EquatePlus. Uma usuyenzile i-akhawunti yakho ku-inthanethi ngephothali ye-EquatePlus, dawunloda i-app ku-'Apple Store' noma ku-'Google Play' bese ungena ku-akhawunti yakho ngemininingwane yakho yokungena ye-EquatePlus.{ Nge-app yeselula uyakwazi ukubuka uphinde ulawule i-ShareBuilder yakho kanye namasheya akho agunyaziwe ngaso leso sikhathi. Zigcine unolwazi lwakamuva ngevelu yephothifoliyo yakho futhi uhlale unolwazi mayelana nemicimbi ehlobene ne-ShareBuilder.

### Ngikhohlwe okokungena kwami/iphasiwedi yephothali ye-EquatePlus - ubani okumelwe ngixhumane naye ukuze ngingene kuyo?

Sicela uye ku-: www.equateplus.com bese ulandela amalinki athi: 'Ukhohlwe yi-ID Yomsebenzisi' kanye nethi: 'Ukhohlwe iphasiwedi'. Sicela wazi ukuthi iphothali ye-EquatePlus yenza ukuthi ukwzi ukukhetha ulimi ngokuzenzekela kubandakanya IsiNgisi, isiJalimane, iSpanishi, isiFulentshi, isiNtaliyane, isiDashi, isi-Brazilian isi-Portuguese nesiShayina Esenziwe Lula.

### Ngiyisebenzisa kanjani i-EquatePlus?

Usizo nemihlahlandlela yabasebenzisi ingatholwa esigabeni "Usizo" sephothali uma usungenile.

## ISIGABA 5: UKUDONSWA KWENTELA

### Ngizwile ukuthi kubanjwa intela mayelana namasheya -izodonswa kanjani?

Kwamanye amazwe* i-Weir inesibophezelo segunya lokudonsa intela lapho kugunyazwa umklomelo we-ShareBuilder nalapho kudluliselwa amasheya kuwe. Kulezi zimo, sizodonsa intela efanele (kanye nezokuphepha komphakathi lapho kudingeka) ekhokhwa ngevelu yamasheya agunyaziwe ngokucubungula lokhu ngenkokhelo yakho elandelayo etholakalayo. Ngakho-ke lokhu kuzobonakala njengemali obanjelwa yona futhi lokhu kunganciphisa umholo wakho ojwayelekile kodwa unevelu egcwele yenani lamasheya agunyaziwe ahlezi ku-akhawunti yakho ye-EquatePlus. Sizokhokha izintela kuziphathimandla ezifanele zentela.

*Yazi ukuthi lokhu kunjalo kubasebenzi emazweni ethu amaningi. Esikhathini esisele emazweni , akukho lapho kukhokhiswa khona intela noma umthetho wentela yezwe kudingeka khona ukuthi intela ikhokhwe ngumuntu ngamunye ngembuyiselo yakhe yentela. Kulezi zimo, kuwumsebenzi wakho ukukhokha noma yisiphi isikweletu sentela (kanye nezokuphepha komphakathi lapho kudingeka) ngenxa yokubamba kwakho iqhaza ku-ShareBuilder.

### Ngizokhokhiswa nini intela kulawa masheya?

Akudingeki ukuthi ukhokhe intela kumasheya akho kuze kube yilapho esegunyaziwe.

Sicela wazi ukuthi, emazweni amaningi, isamba senani lanoma yimaphi amadividendi atholiwe maqondana namasheya akho e-Weir ShareBuilder sizodonswa intela yemali engenayo noma ngabe lawa madividendi atshalwa kabusha kumasheya ongeziwe yi-Computershare. Uma kwenzeka lokhu, kuwumsebenzi wakho ukukhokha noma yisiphi isikweletu sentela ngembuyiselo yakho yentela ngayinye.

Uzonikezwa olunye ulwazi mayelana nokudonswa kwentela ngesikhathi esifanele.

Ukuphathwa kwentela okuchazwe kulo mbhalo we-FAQ kunikezwa ngezinjongo zolwazi kuphela futhi akufanele kuthenjelwe kulo ngokuphelele noma ngokuqinisekisile.

Ukuze uthole iseluleko esiqondile, abasebenzi kufanele baxhumane nabeluleki babo bezentela mayelana nemiphumela yezentela okumayelana nokubamba iqhaza ku-ShareBuilder.

## ISIGABA 6: UKUXHUMANA

Uma uneminye imibuzo, sicela uxhumane nethimba lakwa-Weir Share Plans kule dilesi: shareplans@mail.weir

Uma kwenzeka kuba khona noma yikuphi ukungqubuzana phakathi kwalo mbhalo wemibuzo evamile mayelana nabakwa-Weir ShareBuilder kanye Nemithetho Yohlelo, Imithetho Yohlelo yiyo ezosebenza.

